

IZIGI

THE OFFICIAL NEWSLETTER OF SAFDA
MAY.2022 - JULY.2022



RV PRICE APRIL 2021: R5 621,76 (An increase of R287,40 vs March 2022). D Factor 0,482473

**PG
3-4**

I-SAFDA ihambise imishini
ebalulekile kubalimi
abasathuthuka




**PG
4-5**

I-SAFDA isize abalimi
abasathuthuka embonini
kamoba ekutholeni inani
eliphezulu lokukhokhelwa
ngomoba wabo



**PG
6-7**

Izimvula ezinkulu zenze
umonakalo omkhulu
kumasimi omoba



**PG
7-8**

I-SAFDA ithole uxhaso
lwembewu kuhulumeni



CONTENTS

- (3-4) I-SAFDA ihambise imishini ebalulekile kubalimi abasathuthuka >
- (4-5) I-SAFDA isize abalimi abasathuthuka embonini kamoba ekutholeni inani eliphezulu lokukhokhelwa ngomoba wabo >
- (6-7) Izimvula ezinkulu zenze umonakalo omkhulu kumasimi omoba >
- (7-8) I-SAFDA ithole uxhaso lwembewu kuhulumeni >
- (8-9) Kulethwe amazwi enduduzo ngokudlula kuka Moses Thumbathi no- Joseph Mbuyazi >
- (10-11) I-CPA yase-Mpumalanga ithole uxhaso lwezigidi ukuze ishintshe izinto >
- (12) Umlimi omncane kamoba wenza ezibukwayo nakwimfuyo >
- (13-14) I-SAFDA ibambisane ne-Green Cloud Technologies ukuhlola nokuhlaziya uhlelo lokulima lwe-DARD. >
- (14) Intsha yasemakhaya ithole iziqu ezimqoka zemboni yezolimo >
- (15) Mpumalanga Siyanqoba isingathe imbizo ebeyimpumelelo >
- (16-17) I-SAFDA ilulele amaphiko ayo e-Eastern Cape >
- (18) Kuthulwe uSoseshini Wabalimi baseMthonjaneni >
- (19) Amathuba abalimi bethu eNingizimu Afrika avela kumkhiqizo We-Hemp Cannabis Sativa I >

I-SAFDA IHAMBISE IMISHINI EBALULEKILE KUBALIMI ABASATHUTHUKA



Abalimi abasathuthuka, phecelezi ama-SSGs basezifundeni eziyisithupha KwaZulu-Natali nesisodwa eMpumalanga bazohlomula ngemishini yokusebenza yezigidi zamarandi okuzokwenza bakwazi ukuthuthukisa umsebenzi wabo. Umcimbi wokwethulwa kwalemishini obubanjelwe eGingindlovu ubuthanyelwe izinkulungwane zabalimi abasathuthuka abebevela ezindaweni ezahlukene kulesifundazwe. Lokhu kwenzeke ngemuva kokubambisana phakathi kwe-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development (DALRRD) nenhlangano ye-South African Farmers Development Association (SAFDA), okuyiyona emele abalimi abasathuthuka kulemboni. Usihlalo Ophezulu we-SAFDA, uDkt Siyabonga Madlala uveze ukuthokoza kwakhe kulomcimbi, waze washaya nengoma yesintu ekhombisa ukujabula. "Lokhu kuwumlando omkhulu woxhaso

lukahulumeni ekuthuthukiseni abalimi embonini kashukela. Ama-FPSUs , phecelezi ama-Farmer Production Support Units asinikeza izindlela eziningi zokusiza abalimi ukuze benze umsebenzi, balande umkhiqizo, bawugcine futhi balungiselele ukuwudayisa ezimakethe zendawo. Ama-FPSUs ayingqikithi yalokhu obekudingwa abalimi sonke lesikhathi. Ngidluisa ukubonga kwami okukhulu emnyangweni ngokufeza iphupho labalimi bethu. Kusukela manje, sizosebenzisa lemishini nezikhungo esizinikwe uhulumeni ngendlela ezosiza bonke abalimi bethu," kusho uDkt Madlala. Lomcimbi ubuthanyelwe izikhulu eziphezulu okubalwa kuzo uSekela Ngqongqoshe uMcebisi Skwatscha, MEC Bongi Sithole-Moloi, ilungu lephalamende, amasekela ezimeya asendaweni neNkosi yendawo. U-MEC nesekela lakhe bobabili bagcizelele ukweseka kwabo abalimi abasathuthukisa, baqinisekisa nokuthi bazosiza

ngezinsizakusenzo namanye amathuba ukuze bathuthuke. Lemishini edlule ku R66 million (iphume kwa-DALRRD), kubalwa kuyo ogandaganda namaloli. Ngalokhu kubambisana, i-SAFDA izohola uhlelo lokusetshenziswa kwayo lemishini. Ama-units ezenzelwe ukusiza abalimi ayisithupha KwaZulu-Natali kube neyodwa eMpumalanga. Lomsebenzi uzokwenziwa ngohlelo Iwama-FPSUs, wona achazwa njengezikhungo zomkhakha wezolimo ezizoba sezindaweni zasemakhaya ezakhelwe ukusiza abalimi ngomsebenzi wabo wokuhiqiza nokudayisa izitshalo okubalwa nokusetshenziswa kwemishini.



Kuhlelo Iwama-FPSU, abalimi bangalindela lokhu okulandelayo kodwa kukhona nokunye abazokuthola okungabaliwe ngezansi:

- Usizo ngezithombo nembewu ezizokwenza kwensiwe umkhiqizo osezingeni eliphezulu.
- Usizo olwengeziwe nokuqeeshwa, kusetshenziswa amanyuvesi, abantu abaneziq kwezolimo kanye nokubambisana ne-Narysec, lapho Kuzokwakhwa khona ubudlewano nabalimi kuleminyaka eyishumi ezayo.
- Usizo Iwemishini yokusebenza (ukushayelwa kogandaganda, ukulima, ukufafaza amakhemikhali, ukuvuna njll.)
- Izindawo zokulungiswa kwemishini yokusebenza
- Usizo kwezokuthutha imikhiqizo, okungabalwa kukho ukuhanjiswa kwezitshalo ezmakethenokuthuthwakwezitshalongemuva kokuvunwa. Ukulandwa kwezitshalo ezikhiqiziwe.
- Ukukalwa kwemikhiqizo nezitoko.
- Ukuhlelwa kahle kwezitshalo ukuze zidayiswe ezmakethen Zendawo nakwezinye izimakethen.
- Ukupakishwa kwemikhiqizo ukuze idayiswe ezmakethen Zendawo Izindawo zokugcina umkhiqizo.
- Ukwensiwa komkhiqizo wezimakethen Zendawo (imishini emincane njll.)
- Izindawo zokudayisa ezmakethen Zendawo
- Ukuukezela ngolwazi Iwezimakethen ikakhulu amanani emikhiqizo eyahlukene.
- Abalimi abafuna usizo nolwazi ku-FPSU bazobhalisa kwi-FPSU abayithandayo.
- Isikhungo sokuthuthukisa nokuqeeshwa kwamabhizinisi amancane.
- Isikhungo sokugcina kwezimali
- Isikhungo sikaphethilomu nodizili

I-SAFDA ISIZE ABALIMI ABASATHUTHUKA EMBONINI KAMOBA EKUTHOLENI INANI ELIPHEZULU LOKUKHOKHELWA NGOMOBAWABO

Ngasekupheleni kwe-season ka 2021/2022, abalimi abasathuthuka bakhokhelwe nge-premium price ebalelwa ku R60 million isihlanganisiwe njengesivumelwano sethimba le-Grower Masterplan ngaphansi kwezinhlelo ze-Sugar Master Plan okwatuswa ibhodi ye-Council ye-South African Sugar Association (SASA).

Ukukhokhelwa kwabali mi inani eliphezulu (premium price) kuhambisana nezhinliso ze-Sugarcane-Base Value Chain Master Plan zokuqinisekisa impumelelo yabalimi nokubagcina kulemboni. Abalimi abasathuthuka okungama-SSGs bazohlomula njengoba nezimakethen ezohambisana

zakulelizwe, bakwazi nokubuyiswa imali elahlekile ezmakethen zakwamanye amazwe futhi aphinde akhiphe ukuvuleleka ngaphandle emnothweni kwezindawo ezikude nemishini kamoba okwenza izindleko zokukhiqiza zibe phezulu. Embonini kashukela izimakethen zamazwe angaphandle zinhlanahlaka futhi zilahlekelwa kakhlulu. Ingakho Ukgungelela kwethu bekudingeka ukuze sivikele inzuso yabalimi abasathuthuka futhi sibalungiselele izinkinga ezikhona ezmakethen zamazwe angaphandle.

Le master plan ka shukela ingenye yezinhlelo ezethulwe uMongameli uCyril Ramaphosa ngesikhathi kuqhube ka i-SONA yango 2019





futhi yaqinisekiswa uNggongqoshe we-Trade, Industry and Competition u-Ebrahim Patel kwisamelo-zimali sakhe ngonyaka ofanayo. Inhoso enku lu yalezinhlelo ukuvuselela izimboni ezibhekene nezinkinga futhi kukhuliswe umnotho. I-master plan ka shukela yaphothulwa futhi yasayinwa iziphathimandla zemboni kashukela ngo Novemba ka 2020. I-SAFDA iphakamisa izandla kuNggongqoshe uPatel nowe-Agriculture, Land Reform and Rural Development, uThoko Didiza, asebedlale indima enku lu futhi bongamela umsebenzi obuwensiwa kule master plan, okuyimane isiletha imivuzo emihle kubalimi bakamoba.

Abalimi abasemonini kashukela bakhokhelwa ngohlelo Iwe-Recoverable Value (RV) olubheka kakhulu imali etshaliwe ngesikhathi kwensiwa umsebenzi wokulima nokutshala ukuze kuphume umoba osezingeni eliphezulu. Ngenxa yezingqinamba eziningi okubalwa kukho ukuhlupheka kwabalimi, amabanga amade aya emshinini wokugaya umoba, ukungabi nemishini yokutshala yabo, kwenza abalimi bangakwazi ukhiaqiza umoba osezingeni elifanele. Inani le-RV lihlanganisa imali yokudayisa

ushukela ezimakethe zakulelizwe nezasemazweni angaphandle "I-SAFDA izoqhube ka nokulwela ukuthi bonke abalimi baphile izimpilo ezingcono, ikakhulukazi abalimi abasathuthuka," kusho uDkt Siyabonga Madlala, onguSihlalo Ophezulu kwa-SAFDA. Uphinde wengeza ngokuthi: "Izinhlelo zokungelela ze-premium price zifike ngesikhathi esifanele futhi izosiza kakhulu. Unyaka ka 2021 ubugcwele izidubedube zokuluthwa kanye nezikhukhula ezidale umonakalo omkhulu emapulazini abalimi. Lemali izosiza abalimi bakwazi ukubuyisela isimo kwesijwayelekile besalinde uxhasomali lukahulumeni."

Umlimi osathuthuka, uRoseline Makwakwa, oneminyaka engu-84 wakwaHoyi eMpumalanga akakwazanga ukubamba injabulo yakhe ngesikhathi ethola i-SMS. "Ngesikhathingiqala ukubona lemalii ekuseni, angikholwanga. Ngithanda ukubonga i-SAFDA ngokusiseka njalo singabalimi abasathuthuka. Lemali izosiza kakhulu. Asikaze sikubone lokhu phambilini. Selokhu kwafika i-SAFDA, sibona izimanga," kusho uMakwakwa. Kusenjalo uDentro Mkhwanazi wase-Felixton

esifundazweni saKwaZulu-Natali abalimi bebengakwazi ukuthola usizo phambili kodwa sekushintshile lokhu selokhu kwafika i-SAFDA yabatakula ezikweletini eziningi abebezenza ngenhoso yokuziphilisa. "Ngisathukile, bengingakulindlele lokhu futhi ngibonga i-SAFDA ngalolusizo. Yonke into ihamba kahle ngibala ngomanyolo esiwuthole ngo 2019, okutshengisa ngokusobala ukuthi lenhlangano inendaba nathi," kusho uMkhwanazi.

.Ukukhokhelwa kwabali mi-premium price kunezele ezinhlelweni zokuletha ushinksho ze-SASA ezagunyazwa ngo 29 Novemba 2018 ezazifika ku R1 billion esikhathini seminyaka emihlanu. Ngalemali yoxhaso ohlelweni, uR200 million unikezwu abalimi ngonyaka ngokulandela izinhlelo ezingu-8 ezithole ukushintshwa kancane imboni ukuze kubhekelelwe ezinye izidingo njengokugcwalisela emalini yemifundaze yakulemboni. Zonke lezinhlelo sezihlanganisiwe zizosiza abalimi abasathuthuka (SSGs) ukuthi bazinzise amabhizinisi ikakhulukazi ngalesikhathi kungatshalwa khona izitshalo ezithile.

IZIMVULA EZINKULU ZENZE UMONAKALO OMKHULU KUMASIMI OMOBA

Izimvula ezinkulu nesimo sezulu esingesihle esabakhona KwaZulu-Natali ekuqaleni kuka Disemba ka 2021 kube nomthelela ongemuhle kubalimi bethu abaningi. Imvula kuhlale kuyinto enhle kubalimi kodwa imvula enkulu kakhulu illimaza izitshalo, idale ukuvuza nokulimala kwezakhiwo.

Ngokwamarekhodi e-SAFDA, umonakalo owenzeke kumoba ufinyelele ngaphezulu kuka 2000ha womoba kanti futhi nezinye izitshalo zokungenisa imali zichaphazelekile. Isikhwama sikamanyolo sibiza uR750 sisodwa kanti i-hectare ngalinye lidinga izikhwama zomanyolo ezingu-8, ngenxa yalezimvula abalimi bethu baphoqelekile ukuthi bakhiphe izimali zabo ukuze bathenge izinto zokutshala. Uma kubhekwa lama-hectare abaliwe ngaphezulu, abalimi badinga okungenani izikhwama ezingu 16 000 zomanyolo okufika ku R12 000 000. Abalimi kuzodingeka bazifake umanyolo izitshalo futhi basebenzise namakhemikhali okuxosha ukhula olukhula ngokushesha ngemuva kwezimvula ezinkulu. Lokhu kusho ukuthi izindleko zabalimi zizophindeka kabi. Lokhu kusho ukuthi abathengi kufanele balindele amanani aphezulu okudla okulinyiwe ngenxa yalomonakalo. Amanani aphezulu azodalwa ukuthi abalimi kufanele batshale kabusha, bathenge umanyolo nembewu entsha njengoba konakale imbewu namakhemikhali. Abanye abalimi babike ukuthi kube nomonakalo kwizakhiwo okubalwa kuzo izindlu zokuhlala, konakala imigwaqo nezindonga zemifula. Lomonakalo olandelayo ubikwe abalimi bethu:

- Ukuvuza komanyolo namakhemikhali



- Ukuguguleka komhlabathi
- Ukugcwala kwamanzi emasimeni
- Imigwaqo yasemasimini ibenomonakalo
- Amapulazi kamoba agcwale inhlabathi
- Izitshalo zokudla zigcwale amanzi
- Umonakalo kumoba (umoba ugugulwe izikhukhula)
- Imigwaqo yobhuqu igugulekile
- Umonakalo ezindlini zamapulazi nezakhiwo zama-workshop
- Umonakalo ezindongweni zomfula

Kubalimi abasathuthuka, i-SAFDA ikubhekile ukuthi izitshalo abanazo ukuphela kwazo. Uma bengasizwa ngokushesha, kuzophela ngomsebenzi wabo futhi baphume unomphelo ebhizinisini. Abalimi abafana noMatozi Simelane, olime eMakhathini eJozini uphelelwe amandla

ngesikhathi ebona umonakalo owenzeke ensimini yakhe. Utshale amaklabishi endaweni engu 2ha lapho athenga khona izithombo eziwu 50 000, ne-butternut ka 1ha kanti zonke lezitshalo zishabalale ngenxa yezikhukhula. "Ngesikhathi ngibona isimo samaklabishi nebutternut yami bengicabanga ukuthi ngiyaphupha, yonke into ibimbozwe amanzi futhi ngabona lapho ukuthi kuphele konke ngoba abekhoabantu nezitolo ezizothenga izitshalo ezinje. Kube buhlungu ngoba ngisebenzise imali yami ngenhoso yokulima okuhlukile kodwa konke lokhu kuperhenduke iphupho," kusho Simelane.

I-SAFDA ihambele abalimi futhi yahlola umonakalo owenzeke. Njengamanjesiceli-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development ukuthi isize

abalimi abathintekile. Sidinga usizo oluvela kuhulumeni ukuze abalimi babuyise lokhu okubalahlekele. Sesicele imbewu ngokushesha kanye nokokubulala izihlahla ezingalunile emasimini abalimi. Lokhu kubalulekile ekwenzeni umkhiziso ngoba ukutshala ngesikhathi nangendlela efanele ikhona okwenza uvune izitshalo ezinhle ekugcineni. Kunesidingo futhi sokuthi kwakhiwe kabusha ezinye zezakhwe ezilimalile. Abahlahla umoba nabanye

abasebenzi basemapulazini bazodinga izindawo zokuhlala ezilungisiwe. Imigwaqo idinga ukulungiswa ngokushesha, kubalwa eyasemapulazini neyokungena kumafamu njengoba yona ithatha isikhathi eside ukubuyela esimweni. Uma sekuqalwa ukuvuna, lemigwaqo kufanele ibe isilungisiwe, okungenjalo kuzobanzima ukulanda umoba osuhlahiwe uyswe emishinini.

UDkt Siyabonga Madlala,

onguShlalo Ophezulu we-SAFDA, uthe izwe lisabhekene namanani aphezulu okudla ngenxa yezigemegeme zika July, kanye nomonakalo owenziwe imvula okwenze abathengi babhekana nembazo yamanani aphezulu okudla. "Imvula into enhle futhi embi. Siyayidinga imvula, kodwa uma isinetha kakhulu ithikameza ukutshala futhi ibulala izinsizakusebenza nezitshalo, singaqiniseka nje ukuthi amanani okudla azonyuka." kuphetha uDkt Madlala.



I-SAFDA ITHOLE UXHASO LWEMBEWU KUHULUMENI



Ngezingxoxo nokusebenzisana ne-Department of Economic Development, Tourism and Environmental Affairs (EDTEA), i-SAFDA isiphothule isivumelwano sokusebenzisana seminyaka emithathu okuhloswe ngaso ukusiza abalimi abasathuthuka ngembewu abazoyisebenzisa emasimini. Lesivumelwano sizosiza iqembu

ngalinye lama-SSGs emikhandlwini ekhiqiza umoba KwaZulu-Natali kuleminyaka emithathu ezayo, okuhlose ukuveza imivuso yokutshala ngesikhathi esifanele kusetshenziswa uhlobo oluthile lwembewu-okuzokhuthaza abalimi abangomakhelwane uma bebona inzuso kanye nezitshalo ezengeziwe. Umnyango we-EDTEA uzofaka

u-R12 million kuloluhlelo eminyakeni emithathu lapho uPhase 1 uzoqala khona e-South Coast, kulandele uPhase 2 eNorth -Coast, bese kuthi uPhase 3 ubesezindaweni ezise-Jozini nakwaMakhathini. Isigaba ngasinye sizoba nesabelo-zimali sika R4 million.

Izinhloso zale-Project

	Unyaka wokuqala	Unyaka wesibili	Unyaka wesithathu	TOTAL
Inani labalimi abasebancane abazosizwa	629	621	594	1 844
Ama-hectare azofakwa imbewu	881	869	832	2 582

Amanani anyukayo embewu abenomthelela kwinani lezikhwama zembewu ebezizothengwa kanti amakomidi abalimi acele ukuthi kuncishiswe izikhwama ezingu-10 zibe yisithupha ukuze kuzohlomula abalimi abaningi. Lokhu kuvunyiwe i-Project Management Committee okuholele ekutheni abantu 731 bathole izikhwama eziyisithupha ezizotshalwa kuma-hectare angu 1 153, okugcine sekufike kwizikhwama ezingu 6 750 ezikhishelwe abalimi.

KULETHWE AMAZWI ENDUDUZO NGOKUDLULA KUKA MOSES THUMBATHI NO- JOSEPH MBUYAZI



UMoses Thumbathi ubengumholi oqotho futhi obephatha bonke abantu ngenhlonipho kungakhathaleki isikhundla, iminyaka nobulili kwa-SAFDA. "Ukuqala

kwami ukuhlangana naye, akubanga lula njengoba mina bengimbona njengomuntu obukhuni futhi ohlakaniphile futhi onomthetho. Uma siqhubeka sazana kangcono naye futhi sisebenziana, ngibone ubuntu abenabo nenhliziyo enhle, nokuthi umuntu obuthanda ukuthi izinto ngendlela efanele," kubeka uNathi Phakathi osebenze naye kakhulu eMpumalanga. UThumbathi ubewuthanda umndeni wakhe futhi enetshisakalo nge-Matsamo CPA. "Besincokola naye siphinde sikhulume ngezinkinga zomsebenzi naye futhi sijabulela nokuhe esikuzuzile. Ubefana nobaba wethu ehhovisi futhi enemfudumalo," kuchaza uPhakathi. I-Matsamo CPA ibifuna nengane yakhe uThumbathi. Uma bekunesidingo sokuthi ithimba lethu lishayele lizungeze amasimi ubengakhonondi. Ubehlale enomdlandla uma kukhulunywa ngokuthuthukiswa komphakathi wase-Matsamo.

Ubeyithanda inhangano ye-SAFDA futhi efuna ukuyibona iphumelela. Uma kunemihlangano, esikhathini esiningi ubethula uma ekhuluma ubeza nezixazululo nezeluleko. Ubengusihlalo we-Land Reform MAC and REC yaseMpumalanga futhi ubekulamakomidi alandelayo (Council, CTS, Development, Nomination, Sugar Research and Sustainable Agriculture, Sugar ACT and Agreement Strategic Review).

I-Matsamo ne-SAFDA balahlekelwe umholi oqotho. Indoda ebinezinhlelo ezinhle nge-Matsamo ne-SAFDA, nalapho azame ngamandla akhe wonke ukuqhuba umkhumbi awuyise empumelelweni ngokuqinisekisa ukuthi izinhloso ze-Matsamo CPA, Mpumalanga LR MAC, REC neze-SAFDA ziyafezwa. I-Matsamo CPA ngokusizwa SAFDA, basanda kugunyazelwa i-business plan osekunesikhathi yabakhona, nalapho esizothola khona uxhaso lwezimali. "Sisebenze kanzima kule business plan, futhi bekuzoshu okukhulu kuye ukuthola uxhaso kwe-Matsamo CPA. Alale ngoxolo. Sizohlala simkhumbula. Zonke izimfundiso asiphe zona angeke sizikhohlwe. Sizoqhubeka lapho agcine khona." - **Kubhale uNathi Phakathi no-Shapo Mavimbela**

KULETHWE AMAZWI ENDUDUZO NGOKUDLULA KUKA MOSES THUMBATHI NO- JOSEPH MBUYAZI



JOSEPH MBUYAZI



"Uwile umuthi omkhulu" ikhona okufikayo uma ngicabanga uBaba Mbuyazi, obengubaba wethu futhi engumholi oqotho, kusho uNormkhosi Dlodlo osebenze kakhulu no-Mbuyazi. Ukuzotha kwakhe nenhliziyo enhle ithinte izimpilo zabanningi futhi kwasizana abanangi abantu. Bekuyimvelo ukusiza abantu kuMbuyazi, lapho ebenikela khona ngesikhathi sakhe, imali kanye nezeluleko.

UMbuyazi ubengumlimi ongaphansi kohlelo lokubuyiselwa umhlabu futhi engusihlalo wesifunda, nalapho ebebeka khona izidingo zabalimi phambili, kubalwa abama-SSGs nabangaphansi kohlelo lokubuyiselwa. Ungomunye abangaphansi lokubuyiselwa ababambe ekusungulweni kwe-SAFDA. Ubekholelwa kwi-SAFDA futhi

eyibona njengenhlango esizayo ekuthuthukiseni kwabalimi ngokwenza izimpilo zabo zibengcono futhi bakwazi ukuthola inzuso ngamasimi abo. Ubezinikele ekwakheni ikusasa eliqhakazile kubalimi bama-SSGs nalabo ababuyiselwa umhlabu eMfolozi. Ngaphansi kobuholi bakhe, ubeqinisekisa ukuthi uxhumana nazo zonke izinhlaka ukuze kuhlomule abalimi.

UMbuyazi ubeyinsika emphakathini esiza ngaso sonke isikhathi futhi enza konke okusemandleni ukuthi umphakathi uyasizakala. Ubengumholi oyisibonelo esihle, futhi obekhombisa uthando nenhlonipho kubo bonke abantu kungakhathaleki ukuthi abesilisa noma abesifazane futhi engabheki iminyaka.

I-CPA YASE-MPUMALANGA ITHOLE UXHASO LWEZIGIDI UKUZE ISHINTSHE IZINTO

I-Matsamo CPA ithole uxhaso lwemali luka R 32 989 425, olugunyazwe i-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development (DALRRD), ngenhloso yokuqala kabusha ukutshalwa komoba endaweni engu-200 hectares, ubhana ongu-65 hectares of banana, ukuvuselela indawo yokutshala engu-on 230ha, ukunakekelwa komhlaba kanye nokuthengwa kwemishini emisha. I-Matsamo CPA inabahlomula kuyo abangu 10 000 (imizi engu 1 600). Loluxhaso Iwezimali luzosiza ifamu likwazi ukufeza izinhloso elizibekale zona futhi kuthengwe amathuluzi okusebenza nemishini ebalulekile, bakwazi nokugcina imali eyanele ebhizinisini. I-Matsamo CPA inamafamu amahlanu, wonke okungawomphakathi wase Matsamo athengwa uhulumeni ngaphansi kohlelo

lokubuyiselwa komhlaba nalapho anikezelwa ngokusemthethweni kulomphakathi ngo 2011. Lamafamu esehlanganisiwe angakwazi ukuqasha ngokuphelele abantu abangu-600 nabetoho abasuka ku 150 kuya ku 300. Inhlango ye-SAFDA izofakwa ama-agent kulamafamu. I-SAFDA inegatsha elongamela amafamu elizosebenza kulephrojekthi.

Oyi-Secretary we-Matsamo CPA, u-Advocate Bernard Shabangu uthi njenge-CPA bajabule kakhulu ngoluxhaso Iwezimali abaluthole kulomnyango futhi bakhululekile njengoba uhambo lwabo lokuthola loluxhaso belungelula. "Lemali izosisiza njengabaphathi abasha ku CPA ukuze sithuthukise amanye amafamu okuzokwenziwa kuwo umkhiqizo. Siqale loluhambo kusukela ngo 2010 ngemuva

kokubuyiselwa umhlaba lapho esiqale khona ukufaka izicelo zoxhaso Iwezimali ukuze sithuthukise amafamu ethu, kusithathe iminyaka engu-12 ukuthola usizo, futhi sijabule kakhulu ngalokhu," kusho uShabangu. Uphinde wathi uShabangu uxhaso abaluthole kwa-SAFDA angeke Iwakaleka njengoba babeseka ngesikhathi beqala ukujoyina lenhlangano, futhi manje sebevuna imivuzo yokuba ngaphansi kwe-SAFDA.

Kusukela ngo 2009, ama-hectare alinganiselwa ku 8 000 asedululisewa kubalimi abangaphansi kwale-CPA. Umhlaba omningi we-Matsamo CPA udlulisewa ngaphansi kwesivumelwano se-lease agreement esenziwe uhulumeni nalabo abebengabanikazi bomhlaba phambilini. Izinhlelo zikahulumeni nokubambezeleka



kuholele ekwakhekenikobudlelwano njengoba ama-CPA ephoqeleke ukuba athole ophathina abanemali ukuze baqinisekise ukuthi umkhiziso uyaqhube ka kumafamu. Inhliso enkulu yalokhu bewukunyusa inzuso etholwa ilomphakathi nokwakha amathuba amahle emisebenzi emphakathini nokuthuthukisa umkhakha wezolimo ngokwenza umsebenzi omuhle wokutshala. Okunye okuhle ngalephrojekthi ukuthi ibizoba isibonelo esihle sempumelelo nokudlulisela

komhlaba.

Lamafamu njengamanje akhiqiza ubhanana, umoba, amalintshi, umango kanye nezitshalo ezahlukene zokudla. I-Matsamo CPA ihlose ukusebenzisa ngokuphelele umhlaba abanawo ngokutshala lezitshalo ezibaliwe ngenhla futhi inezinhlelo zokwethula kancane izimbali ezizokhulisa inzuso ngokuhamba kwesikhathi. I-Matsamo CPA ihlele ukongamela lezindawo ngohlelo lwabo

lokuphatha ibhizinisi okuzokwenza ukuthi amafamu asebenze kahle. Ukuqalwa kabusha kwalelifamu kuzokwakha amathuba emisebenzi kubantu basemiphakathini engomakhelwane. I-Matsamo CPA ihlose ukuphakamisa amabhizinisi ezolimo aphethwe abantu abamnyama, inikeze amathuba okuthuthukisa amabhizinisi, ukudlulisela amakhono, ukuvikela imvelo futhi bathuthukise umnotho wasezindaweni zasemakhaya.

Grant Funding breakdown	2021/22	2022/23	2023/24	2024/25	2025/25	
BANANA (Planting; Ratoon; Irrigation)	R10 607 528	RO	RO	RO	RO	R10 607 528
Total Planting Cost (R85 889,00/ha)	R5 582 775					
Total Ratoon Cost (R15 399,92/ha)	R3 634 383					
Total Irrigation Maintenance Cost (R5891,4/ha)	R1 390 370					
Planting hectares	65					
Ratoon hectares	236					
Irrigation maintenance hectares	236					
SUGARCANE (Planting; Irrigation)	R9 671 340					R9 671 340
Total Planting Cost (R38 261,70/ha)	R7 652 340					
Total Irrigation Maintenance Cost (R10 095,00/ha)	R2 019 000					
Planting hectares	200					
Irrigation maintenance hectares	200					
IRRIGATION INSTALLATION (R25 000/ha)	R5 750 000	RO	RO	RO	RO	R5 750 000
Hectares	230					
EQUIPMENT/IMPLEMENTS	R6 313 705	RO	RO	RO	RO	R6 313 705
SAFDA Managements fee 2%	R646 851					R646 851
TOTAL Funding requirement	R32 989 425	RO	RO	RO	RO	R32 989 425

UMLIMI OMNCANE KAMOBA WENZA EZIBUKWAYO NAKWIMFUYO



UNozipho Mngomezulu, uqale ukugqugquzeleka kugogo wakhe osewadlula emhlabeni, njengoba ubefuye izingulube, izinkukhu, izimbuzi kanye nezinkomo. Ngemuva kokushona kuka gogo wakhe ngo 2006 kuphoqeleke ukuthi ahole ibhizinisi lomndeni, obekuyilonia abaziphilisa ngalo. Ukudayisa izingulube ikhona abekuthanda kakhulu futhi ubekwenza kahle lokhu. Ngo 2013, uNozipho uye kwenye i-workshop emsizile ekuphatheni ibhizinisi futhi ukwazile nokubhaliswa ngokusemthethweni ibhizinisi lakhe. "Ngizalelwemnndenini obuziphilisa ngemfuyo, ngakholike bekumele ngifunde izinto ukuze ngikwazi ukuqhube ka nebhizinisi uma ugogo engasekho. Ngikwazile ukubhalisa ibhizinisi lami Inkabanhle Farming PTY LTD ngo 2013, lapho bengidayisela amashisanyama namabhusha inyama yengulube," kusho uNozipho.

Ulandele konke okufanele ngemuva kokubhalisa inkampani yakhe. UNozipho uthi izinhlangano ezifana no-NYDA, o-SEDA nezinye izinkampani ezimsile ekutholeni uxhaso lwemali. Izinto zakhe zivuleke ngesikhathi engenela ama-awards omnyango lapho akhethwa khona nabanye njengomlimi wesifazane osemncane ohamba phambili, akawinanga kodwa lokhu kwenze wathola ulwazi abeludinga ukuze akhulise ibhizinisi lakhe futhi athole uxhaso lwezimali. Ngingenele ama-awards omnyango ngonyaka ophelile, kodwa angiwanga kodwa bengingazi ukuthi lokhu kuzongivulela iminyango ethile njengoba ngikwazile ukuthola uxhaso lwemali engu- R4.6 million kwa-Department of Agriculture. Kulama-awards bekufanele izikhulu zoMnyango zivakashele izindawo zethu zokusebenza, ilapho abakwazile ukubona umsebenzi wami kahle," kusho uNozipho.

UNozipho ubenenkontileka nabakwa-Darnall Abattoir kodwa amaphupho akhe aye ngokukhula wabe eseqala efuna abantu abazomsiza ngokwezimali ukuze avule eyakhe i-abattoir. Abalimi bemfuyo abanangi bahlangabezane nezinkinga zegciwane ebelihlasela izinyawo nemilomo yezilwane okwenze bangakwazi ukuthutha imfuyo yabo, ilapho eqhamuke nesu lokuba ne-abattoir yakhe. "Njengabalimi bemfuyo siba nezingqinamba eziningi uma kuvela igciwane lezinyawo nomlomo ngoba asikwazi ukuthutha imfuyo okwenza silahlekelwe ngokwezimali, ngemuva kokubona lokhu kusihlasela izikhathi eziningi ngibone kungcono ngithole uxhaso ukuze ngakhe eyami i-abattoir."

Eminyakeni emihlanu ezayo uNozipho uzibona esenebhusha yakhe ezoba sezindaweni ezahlukene KwaZulu-Natal agcine eseyisabalalise nakwezinye izifunda ngoba akasebenzi ngezingulube kuphela kodwa unezikukhu, izimbuzi nezinkomo. "Ngifuna ukukhula, ngifuna ukuba nebhusha engeke ibeseJozini kuphela, ngifuna agcwale i-KZN yonke futhi ngidayisele nezitolo ezinkulu ezidayisa inyama," kubeka uNozipho.

Lomnikazi we-Inkabanhle Farming ukhuthaza intsha yakulelizwe ukuthi iqale amabhizinisi ayo ingalindi ukuqashwa izinkampani. Izwe lethu lunentsha eningi engasebenzi. "Ngifuna ukugqugquzelu intsha ukuthi iziqalele amabhizinisi ayo, ingalindi ukuqashwa, isibonelo imina ngine Diploma ye-Occupational Health and Safety kodwa angikaze ngiyisebenzise, lokhu akungivimbanga ukwenza into engiyithandayo okuwukhulisa imfuyo futhi ngenza kahle kulomkhakha," kusho uNozipho.

I-SAFDA IBAMBISANE NE-GREEN CLOUD TECHNOLOGIES UKUHLOLA NOKUHLAZIYA UHLELO LOKULIMA LWE-DARD.


I-SAFDA Farm Management Services (Pty) Ltd, njengenhlango yanikezwa umsebenzi wezinyanga ezingu-36 wokuhlaziya nokuqapha uhlelo lokutshala esifundazweni saKwaZulu-Natali, lomsebenzi iwuthole kwi Department of Agriculture and Rural Development uzokwenziwa kuleminyaka elandelayo: 2020/21, 2021/22 no 2022/2023

I-SAFDA isizinikele ekuletheni ulwazi nemininingwane afanele kulomnyango, ingakho yangena esivumelwaneni seminyaka emithathu nabe Green Cloud Technologies ngo Septhembuka 2020. I-SAFDA isiyakhe uhlelo lokuthola ulwazi ngokubambisana nophathina bayo i-Green Cloud Technologies. Loluhlelo lusebenzisa ithuluzi lokuthola ulwazi, lapho ithimba lakwa-SAFDA elisebenza ezindaweni zamasimi lithatha khona imininingwane kuma-tablets, mese imininingwane etholakele

ifakwe kubuchwepheshe bamakhompuythu okuhambisana nendawo yokugcina ubufakazi bezinto ezitholakele.


Umvizo walokhu kubambisana ukuthi uma i-SAFDA idinga umhlaziyi wangaphandle ozohlaziya izinkinga i-SAFDA engakwazanga ukuzibona ngokushesha, abe-Green Cloud bazokwenzela i-SAFDA lokho. Okunye ukuthi i-Green Cloud izokwazi ukuletha izixazululo ezihlukile ezihambisana nezidingo ze-SAFDA, isibonelo ukugcina kwemininingwane endaweni ezotholakala kalula kuyo futhi iphinde isetshenziswe esikhathini esizayo. Uma kukhona ubungozi obuvelayo, abe Green Cloud bazokwazi ukuvikela inhlango kulobo bungozi. Ubuchwepheshe obulethwa abe-Green Cloud kuzosiza abasebenzi bakwa-SAFDA bakwazi ukwenza imisebenzi yabo kahle. Umphumela kuzoba ukuthi ama-District Coordinator,

nezimenjenza zizokwazi ukwenza umsebenzi obalulekile kwinhlangano.



Isithombe esingezansi sikhombisa ukuthi imininingwane izofakwa kanjani kuhlelo lobuchwepheshe lwamakhompyutha.

SYSTEM OVERVIEW



Okunye okubalulekile ukuthi loluhlelo seluhlolwe ngokusemthethweni ngabasehhovisi lika Auditor General ngenxa yemininingwane engahambisani nemibiko ehanjiswayo, ingakho i-SAFDA ibekiwe umnyango ukuthi ilungise futhi ithuthukise ukuhlolwa nokuqapha lezinhlelo. Umnyango usuveze ukuncoma nokubonga indima edlalwe i-SAFDA kulohelelo.

Umhlahlandlela walephprojekthi ukucubungula amadokumenti e-season yokutshala, okubalwa kukho ama-templates

asetshenziswayo ukufaka imininingwane, amadokumenti obufakazi ukuze kubhekwe ukuthi izinhlelo zisebenza ngendlela efanele. Kuzogxitwa kakhulu ekugqiseni i-M&E System, ukwakha nokuthuthukisa umsebenzi wama-extension officers kanye nokukhqiqa imininingwane efanele nokwenza ngcono uhlelo Iwe-M&E system. Lokhu okulandelayo ngezinye izinto okuzofanele zifezeke ngokuhambisana nenkontileka esayiniwe:

- Ukuqjinisa nokuthuthukisa uhlelo lokuqapha nokucubungula,

okuzohlanganiswa namathuluzi okuphathe nokwenza imibiko okuzoholela ekutheni kufakwe imininingwane eqondile, okubalwa kukho imininingwane yendawo.

- Ukuqhamuka nezincomo zoshintsho okumele Iwensiwe kwinqubomgomo ukuze Iwensiwe kangcono uhlelo Iwe-Multi-Season Planting Programme (MSP). Lapha kungabalwa izincomo ezithinta ukuthuthukiswa kwendlela yokuqapha namathuluzi afanele okumele asetshenziswe ukuletha umbiko.

INTSHA YASEMAKHAYA ITHOLE IZIQU EZIMQOKA ZEMBONI YEZOLIMO



i-SAFDA isingathe umcimbi wokuthweswa kweziqo we-NARYSEC wekilasi lika 2019 ngo Disemba 2021 ngemuva kokuphuthula izifundo zabo ze-national certificate kwi-plant production abazenze izinyanga ezingu-24 ebezenziwa ngaphansi kwe-Shukela Training Centre ngokuxhaswa uSAFDA kanye nabe Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development. Umnyango ithathe intsha engu-50 ngo 2019, kulandela ukusayinwa kwe-SLA ngo 2015 umnyango ne-SAFDA. I-National Rural Youth Service Corps (Narysec) uhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono entsha kanye nokwakha amathuba emisebenzi oluhlose ukushintsha izimpilo zentsha ehlala emakhaya, ukze bangabi abantu abafuna imisebenzi kodwa bakhe imisebenzi bona, okuyinto ezosiza ekutheni intsha inganciki kwimali yesibonelelo

sikahulumeni ukuze iphile.

Lomcimbi wokuthweswa iziqu ubuthanyelwe ubuholi be-SAFDA, buholwa uDkt Siyabonga Madlala, umnyango umelwe uNhlanhla Mndaweni, oyi-Chief Director kwi-KZN PSSC (Provincial Shared Services Center) kanye nabaphathi be-Shukela Training Centre (STC) beholwa uThami Mathe, oyi-General Manager yakhona. Inkulumo yosuku ithulwe uSekela Sihlalo we-SASA, Joanmariae Fubbs, obongele intsha ephothule izifundo zayo ngaphansi kohlelo Iwe-Narysec wabe esegcizelela ukubaluleka kokuthuthukisa amakhono entsha. "Ukuqshala imali kwintsha kuwumsebenzi obalulekile okumele siwenze njengohulumeni ngoba intsha iyona ezoba abaholi bezwe eminyakeni ezayo," kusho uFubbs.

Ngenxa yomsebenzi waloluhlelo omuhle, abanye abafundi abenze umsebenzi kwabanye amafamu sebeqashwe abanikazi awo ngemuva kokujeda amalearnership ngokukhulu ukuzinikela nokuzikhanda. Abafundi abanangi sebesungule ama-co-ops ukuze basebenze kumafamu kamoba abengaphansi kwaloluhlelo. Ngokombiko othulwe abe-STC, abafundi baphazamisekile ngesikhathi kuvalwe izinto eziningi ezweni ngenxa ye-Covid-19, edale ukuthi abafundi balahlekelwe izinyanga ezintathu nohhafu zokufunda, kodwa ukuzithemba kwabafundi kubuyile ngesikhathi sekubuyelwa emsebenzini. Ngokombiko, abafundi benza kahle futhi bakhombisa intshisakalo enku kwemboni yokutshala umoba.

MPUMALANGA SIYANQOBA ISINGATHE IMBIZO EBELYIMPUMELELO



Ubuholi be-SAFDA eMpumalanga buhlele i-Syanqoba Imbizo njengengxenye yabo yokukhuthaza nokufaka ugqozi abalimi bendawo. Ngo 2020, lesifundazwe sihlangabezane nobunzima, ingakho kube nesidingo sokusingatha Imbizo ukuze kukhulunye ngezinselela ebezikhonanokukhiphaisitati mende esiveza ukuthi banqoba bonke ababezama ukudicilela phansi umsebenzi omuhle asebewenzile. Lomcimbi ubuthanyelwe abantu abangu-500 ngenxa yemithetho ebibekiwe ye-Covid-19 eyenze inhlango yangenza izinhlelo ezinkulu njengenjwayelo.

UDkt Siyabonga Madlala, Ongusihlalo Ophezulu we-SAFDA, ukhulume nabalimi kulembizo futhi wababonga ngokubambisana ngemuva

kwezinto zonke ezenzekile futhi bakhetha ukuqapha izinto ngeso lokhozi baqhube ka nokwenza umsebenzi. "Ayikho into ejabulisa njengokubona abalimi abamnyama besebebzisana futhi benenhoso eyodwa, okuyinto esikhombisayo ukuthi thina njengabantu emnyama singakwazi ukwakha izinhlangano zethu futhi sikhipe wonke lomqondo ongermuhe ohlanganiswa nezinhlangano zabantu abamnyama," kusho uDkt Madlala. UDkt Madlala uphinde washayela ihlombe ubuholi obukhona njengamanje nabasebenzi base-Mpumalanga abaqinisekise ukuthi abalimi bayanakekelwa ngaso sonke isikhathi.

USihlalo wabalimi abasathuthuka eMpumalanga, u-Ernest Mashabane uncome abalimi

bakulesifundazwe ngokweseka inhlango ngezikkhathi zobunzima, wakubiza ngokunqoba okukhulu lokhu. "Balimi, nenze umsebenzi oncomekayo. Nikhombise ukuzinikela, iqiniso namandla okunqoba kwi-SAFDA. Lenhlangano iyikhaya lethu, futhi uma sike sayishiya sizovaleleka ngaphandle ngoba aekho ozosinakekela futhi asisize. Asiqhubeke nokusebenza ngokubambisana ukuze kusizakale i-SAFDA," kusho uMashabane.

Esifundazweni sase-Mpumalanga kuhona abalimi abangaphezulu kuka 1 200 kanye nomhlaba olinganiselwa ku 9 000-hectare osetshenziswa abalimi nomunye ongaphezulu ku 55 000-hectare ongakagunyazwa okumele ubengowabalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba.



I-SAFDA ILULELE AMAPHIKO AYO E-EASTERN CAPE

Inhlangano ye-South African Farmers Development Association (SAFDA) isayne isivumelwano, phecelezi i-Memorandum of Agreement ne-Ncora CPA, okuwumphakathi ose-Eastern Cape. I-SAFDA izosebenza emhlabeni ongu-4500ha kuleyandawo. Abe-NCORA CPA ne-SAFDA babeke uhlelo olwaziwa nge-Transitional Management Model okuzokwenza ukuthi i-NCORA CPA isuke ekusebenziseni i-Strategic Partnership Model (yokuphatha ibhizini ngokubambisana) iye kwi Management Assistant Model (Mentorship) okuzokwenza labo abanomhlaba bathole amandla okuziphathela umhlaba nemisebenzi yokulima eyenziwa kuwo ngaphansi kwe-Self-Management Model. Ukubeka uhlelo Iwe-Transitional Model kwe-SAFDA kusho ukuthi i-SAFDA izosiza i-NCORA CPA ize ikwazi ukuzimela lapho ezobasiza njengabaluleki kumafamu asebenzayo isikhathi esithile okuzovunyelwana ngaso.

I-SAFDA ngokubambisana ne-Ncora CPA, uhulumeni nezinye

izinhlaka babambe izingxoxo futhi baqhamuka nombono wokuthi kwakhwiwe amathuba okwenziwa komsebenzi wezolimo eNcora. Lezingxoxo seziholele ekutheni kusayinwe isivumelwano se-Memorandum of Agreement (MOA) phakathi kwe-SAFDA ne-Ncora CPA. I-SAFDA inolwaziolunzulungomnotho wezolimo, nokuphathwa kwamafamu okuzosiza ekukhuliseni -Ncora Irrigation Scheme, nomsebenzi wezolimo abawenzayo. Ukubambisana nazo zonke izinhlaka ezibalulekile ikhona okuzovula lelithuba kwi-Ncora. Njengoba sekukhona isivumelwano sokusebenzisana phakathi kwe-DALRRD ne-SAFDA, kanye nokubakhona kwamaphrojekthi aphumelelayo azokwakhwa ngokubambisana esifundazweni saKwaZulu-Natali naseMpumalanga, kuzoba ubufakazi obuveza ukuthi kusetshenzwa ngendlela.

Imiphakathi yaseNcora engaphansi kweNkosi uZwelivumile, Inkosi Zwelenqaba neNkosi

uLangalivelile isilinde ukubuyiselwa komhlaba ngokomthetho ngasemaphethelweni alonyaka.

Imiphakathi isiqalile ukusebenzisana ne-SAFDA ukuze isebenze kumhlaba wayo. Lezitshalo ezilandelayo izona eseziphekwe etafuleni ukuze lemiphakathi ikwazi ukuzinza esikhathini nesizayo.

- Umbila o-yellow, indawo engu 500 ha isilinyiwe ukuze inikeze zonke izimfuno ezidingwa Amadlelo Agri zinsuku zonk ukuze bakwazi ukukhulisa imakethe
- Umbila omhlophe, indawo engu 250 ha isilinyelwe ukutshala umbila nokuwupakisha kusetshenziswa amandla akhona njengamanje omshini.
- Indawo yezitshalo zokudla engu 45 ha eyenzelwe umphakathi nemindeni esendaweni
- Izitshalo ezifana nezihlahla zamakinati – ezinhlobo ezahlukene njenge-macadamia, ama-walnut noma izihlahla zamawolintshi, zibekelwe indawo engu 25 ha



Ukutshalwa kombila omhlophe vele sekuhlongozwe njengelinye lamathuba amahle okwenza imali eNcora. Kuzotshalwa umbila omhlophe kuma-hectare angu-250 ukuze umphakathi uqale ukusebenza nokudayisa lomkhqizo. Uhulumeni usetshale umshini wokusebenza ngombala oyi 4ton/hr khona eNcora. Lena indawo entsha enezinto zikagesi ne-generator. Lelithuba lenziwe ngenhloso yokusebenzisa imishini ebingasetshenziswa kakulu. Lombila omhlophe uzogayiwa ukuze ukhqiqize impuphu yekhethelo futhi kwensiwe ukudla kwezilwane ngayo.

Ukuqala umsebenzi wokukhiaiza umbila omhlophe kuzonciphisa izindleko ezikhona ezibhekana nezitolo zendawo, futhi kuzosiza nezindawo ezipholisa impesheni kanye nomnyango weZemfundo ohlelweni lawo wokunikeza izingane ukudla. Impuphu emhlophe izofakwa kumasaka angu 25kg kuya ku 50 kg ukuze idayiswe endaweni ukuze kunciphe izindleko zokuthutha nokugibela kulemiphakathi, futhi lokhu kuzokwakha amathuba emisebenzi endaweni.

Inhloso enku lu yalekhomishana ukusiza uhlelo lokubuyiselwa umhlaba nokuphothula izicelo ezifakiwe. Noma izicelo eziningi sezenziwe kuleminyaka emibalwa edlule, kodwa zisaningi izinselelo ezibhekene ne-CRLR emizameni yayo yokuxazulula izicelo ezifakwayo ngendlela efanele. Kudingeka wonke umuntu othintekayo afake isandla ukuze kuqinisekiswe ukuthi labo abafaka izicelo abahlomuli nje kuphela ngaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba, kodwa lowomhlaba uphathwa ngendlela ezosiza labo abawutholayo baziphilise kangcono futhi bakhulise imboni yezolimo.

i-SAFDA izobheka amakhono nolwazi labantu abathole umhlaba kwezolimo kanye nokuphathwa kwamabhizinisi, mese yenza izinhlelo zokubaqequesha, ithuthukise amakhono futhi bathole iziqu. Inhloso yokuqequesha nokuthuthukisa amakhono abantu ukunikeza i-CPA nalabo abathole umhlaba ulwazi olunzulu ngomsebenzi, umsebenziwezandla owenziwayo kanye namakhono athinta ezokuxhumana ukuze bakwazi ukwenza umkhqizo futhi bakhe ithimba elisebenza kahle ezindaweni zabo.



KUTHULWE USOSESHINI WABALIMI BASEMTHONJANENI



I-Mthonjaneni Farmers' Association yasungulwa ngo Mashi 2020 ngemuva kwesivumelwano sokuphattha ngokubambisana kwayo ne-SAFDA, esasayinwa ngaphambi kokusungulwa kwalososeshini. Ngenyanga ka Febhuwari walonyaka, lososeshini uthule amahhovisi awo waphinde wazithula wona uqobo okuqala. Lomcimbi wokwethulwa ubuthanyelwe ubuholi be-SAFDA, amalungu e-CEC kanye namalunga omphakathi oholwa Inkosi yeSizwe saseNtembeni. Njengoba abalimi abaningi beseasha kulomkhakha, inhoso enku lu yalososeshini ukwakha ubumbano phakathi kwabali mi bonke balendawo nokuba isizinda sokwabelana ngolwazi.

UMntwana uMandla Zulu uthule inkulumo lapho amukele khona izithameli, waqhakambisa ukubaluleka kwalososeshini owakhiwe ngezincomo ze-SAFDA. Uthe ukubuyiselwa umhlaba kufana nokubuyiswa isithunzi somuntu omnyama. Abantu abebesebenzisa umhlaba wethu bancisha omkhuluyise bethu isithunzi, ngakho ukuthola umhlaba wethu kusho ukuthi sikwazile ukubuyiswa isithunzi

sabo. "Phambilini besibona abantu besebenzisa umhlaba wethu noma kanjani futhi singenzi lutho ngaphambi kokuthi izicelo zethu zokubuyiselwa umhlaba ziphumelele, futhi besiphoqelekile ukumela lokho esifuna ukukwenza ngomhlaba wethu," kubeka uZulu.

Usihlalo Ophezulu we-SAFDA, uDkt Siyabonga Madlala othule inkulomo yosuku ugcizelele eyokuthembeka nokubaluleka kokulwela lokho okuzimfanelo zabo. UDkt. Madlala akakaze vele abenamahloni okukhuluma iqiniso nakulokhu akazibambanga. "Abantu base Mthonjaneni akufanele bakohlwe ukuthi sifike kanjani lapha esikhona. Ngiyabona abanye sebeziphatha ngendlela ehlukile futhi abasathembekile enhlanganweni. Ukuthembeka nokwenza izinto obala kubalulekile uma sisebenza ngokubambisana siyisizwe, lokhu kuyasakha isizwe futhi siyakwazi ukuzuza izinto esizifisayo. Ngithanda ukucela abalimi base Mthonjaneni ukuthi bangalahlekela ukuthembeka kwabo futhi bangakhohlwa ukuthi ubani obebaseka ngezikathini ezinzima," kusho Dkt Madlala.



I-SAFDA inesivumelwano sokuphattha ngokubambisana nemiphakathi emine yase Melmoth okuyi Ntembeni, Isizwe Sakwa-Dlidla, Emakhasaneni nemiphakathi yase-Ntembeni Royal House ezungeze uMasipala waseMthonjaneni. I-SAFDA ibisebenza nalama-Trust iminyaka engaphezulu kwemibili futhi yakwazi ukugcina imisebenzi yabantu kulamafamu. Kunabasebenzi abangaphezulu kuka 50 abaqashwe ngokuphelele nabangu 350 abayitoho abaqashwe kulamafamu, futhi imali abayitholayo idlala indima enku lu emnothweni wendawo yase-Melmoth.



AMATHUBA ABALIMI BETHU ENINGIZIMU AFRIKA AVELA KUMKHIQIZO WE-HEMP *Cannabis sativa L*

I-South African Farmers Development Association (SAFDA) imataza ibhekela abalimi amathuba okwenza imikhiqizo abazoyidayisa kwezinye izimakethe ezikhona embonini yezolimo ngenhloso yokwenza amabhizinisi abo ukuthi azinze eminyakeni ezayo. Inkulumo ethulwe uMongameli uCyril Ramaphosa kwinkomfa ye-SONA inikeze i-SAFDA amasu nomqondo wokulandelela lamathuba. Okubalulekile ezinhlelwani zokuletha ushintsho kanye namaphrojekthi aholwa i-SAFDA ukunciphisa izindleko abalimi ababhekana nazo futhi ikhulise inzuso abayenzayo. Ukungena ezimakethe nokwenza imikhiqizo ehlukene kwezolimo kuletha amathuba okungenisa inzuso eyengeziwe kubalimi bethu abamnyama futhi babe yingxenyenemikhiqizo emisha yezolimo.

I-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development isibone ithuba kukuhle ukubheka amathuba alethwa i-Hemp, *Cannabis sativa L* ngesikhathi yakha umqulu we-Agriculture

and Agro-processing Masterplan (AAMP) futhi yabala lesitshalo njengesikulungele ukutshalwa embonini. Lokhu kuyasikhuthaza kakhulu njenge-SAFDA sithemba ukuthi uma sekuphothulwe i-AAMP kuzolandela umthetho-sisekelo kanye nokukhiqizwa kwalesitshalo esivele sesilinywa futhi senza izimpahla ezhilukene emazweni amanangi. Sidinga uhulumeni anikeze usizo lwezimali abalimi bethu abamnyama ukuze bakwazi ukusebenzisa amathuba khona okwenza imikhiqizo yezolimo ehlukene futhi bakhulise umnotho wasezindaweni zasemakhaya eNingizimu Afrika.

Siyazi ukuthi i-Hemp, phecelezi i-*Cannabis sativa L*, ingesinye sekitshalo ezindala emhlaben. I-Hemp itshalwe emazweni amanangi okubalwa kuwo i-China, Canada, i-Russia neMelika kanye nasemazweni ase-Europe. Kulamazwe i-Hemp isetshenziselwa izinto eziningi nokwenza imikhiqizo eyizinkulungwane njengezimpahla zokugqoka kuya

ezimpahleni zasendlini nezinto zokugcoba; iphinde isetshenziswe ezingubeni zokugqoka, icicathulo, amanabukeni, izintambo, amacanvas, upende, uphethilomu, izigcobiso, oplastiki, amabhalokisi kasemende, ukudla nokwenza insipho. Njengoba kusobala ukuthi uma abalimi bethu abamnyama bengasebenzisa ithuba lokutshala i-Hemp, *Cannabis sativa L*, bangakwazi ukungena ezimakethe ezintsha kulelizwe futhi badayise imikhiqizo emazweni angaphandle.

Lesitshalo sidinga indawo engashisi kakhulu nemvula yonyaka elinganiselwa ku 500 kuya ku 700 mm. I-Hemp isuke isikulungele ukuvunwa ngemuva kwezinsuku ezingu 120 (okuyizinyanga ezine) ngemuva kokutshalwa. Lelithuba elihle lokutshala lezithelo kubalimi bethu njengesitshalo esengeziwe noma abalimi basenze isithelo esihamba phambili. Lokhu uzokwenza ikakhulukazi uma uhulumeni eseka umthetho-sisekelo nokwakhiwa kwalemboni eNingizimu Afrika.



Ixoixa ngezithombe
eyokwethulwa kohlelo
lwama **FPSU**